

Vuk'uzenzele

**JOBS
INSIDE:**

Produced by: Government Communication & Information System (GCIS)

English/isiZulu

Ncwaba 2019 Ushicilelo 1

South Africa's heroines



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

Vuk'uzenzele

CONTACT US

Website: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za
Tel: (+27) 12 473 0353

Tshedimosetso House:
1035 cnr Frances Baard and Festival streets Hatfield, Pretoria, 0083

FREE COPY NOT FOR SALE

I-Masakhe Ladies Stokvel yakha izindlu

ESIKHUNDLENI SOKULINDA iminyaka ngeminyaka ngenhloso yokonga imali ukuze bazakhele izindlu noma benze imizamo yokuzitholela imalimboleko emba eqolo, iqembu labesifazane baseNtshonalanga Kapa selithole indlela yokuzithuthukisa ngokwakha ubumbano.



Silusapho Nyanda

Abesifazane bayizinsika zomphakathi. Lesi yisiqu-bulo samalungu angama-28 esitokofela sabesifazane esibizwa nge-Masakhe Ladies Stokvel, abahlanganisa imali yokwakhelana izindlu.

Usihlalo wesitokofela, uNtombekhaya Nyama-Plati (oneminyaka engama-43), wathi lesi sitokofela okunge-sabesifazane kuphela, esihlanganela eGugulethu eKapa, sasungulwa ngenhloso yokufukula nokuthuthukisa abesifazane, kanye nokuvulela bona nemindenini yabo amathuba ezomnotho.

“Abesifazane ngabantu abaletha uguquko emiphakathini, kodwa ukuze benze lokhu kumele bazibuze umbuzo wokuthi bangasiguqula kanjani isimo sezinto ezindaweni abahlala kuzona” kusho uNyama-Plati.

Wathi ukuzibuza lo mbuzo yikona kwaholela ekusungulweni kwe-Masakhe

Ladies Stokvel. “Ngabona indlela owawukhahlamezeke ngayo umphakathi engiphila kuwona, ngenxa yokuntuleka kwamathuba omsebenzi kanye nokunqwabelana nokumpitshana kwemindenini ezindlini ezingamakoqosana, futhi lokho kwangenza ngizibuze ukuthi yini engingayenza.” kwasho uNyama-Plati etshela i-Vuk'uzenzele.

UNyama-Plati wathi ilungu ngalinye lesitokofela sabo likhokha imali eyizi-2 500 zamarandi njalo ngenyanga. Le mali isetshenziselwa ukuthenga impahla yokwakha kanye nokukhokhela umakhi ukuze kwakhiwe ikhaya lelungu elilodwa njalo ngenyanga.

Kusukela kwasungulwa lesi sitokofela ngoMbasa, mathathu amalungu asakhelwe izindlu ngokuphelele, futhi njengamanje kunenye indlu eyakhiwayo.

Ngokusho kukaNyama-Plati, ilungu lokuqala elakhelwe yilesi sitokofela ngowesifazane obenendlu ebingakhiwanga ngokuphe-

lele, ngenxa yokudlula emhlabeni komondli womndenini kungakaphothulwa ukwakhiwa kwendlu. Ezinye izindlu ezimbili zakhelwe amalungu abahlala ezindlini ezingasemuva emagcekeni omunye umuntu.

“Uma abesifazane besebenza ngokubambisana, bangazuza okuningi.”

Kunamalungu amabili esitokofela afisa ukwakhelwa izindlu zawo ezindaweni zasemakhaya eMpumalanga Kapa.

Asakheli nje kuphela imindenini engenazo izindlu kodwa futhi sakha nezindlu eziqashisayo ezakhiwe

ngasemuva egcekeni ukuze siziqashise kubantu abafuna indawo yokuhlala bese sizitholela amasentshina angeziwe,” kwengeza uNyama-Plati.

Ilungu eselihlomulile kulesi sitokofela futhi elingunobhala we-Masakhe Ladies Stokvel, uNobantu Malgas, wathi isitokofela sesilethe ithemba emphakathini. U-Malgas, osakhe izindlu ezimbili eziqashisayo, uthi wayibeka enye yemali ayebele yona ukuze azithengele imishini yokukhulisa izi-nkukhu.

UNyama-Plati uthi sebeke bamenywa yiqembu elithile elizinze e-East London ukuze bayoleluleka mayelana nokusungula isitokofela esifana nesabo.

Wathi lesi sitokofela, esinelungu elincane kunawo wonke ngokweminyaka yobudala elineminyaka engama-26, sigxile kwabesifazane ngoba phelela uma uthuthukisa abesifazane, bavamise ukwenza into efanayo kwamanye

amalungu omphakathi. “Ezweni lethu elibuswa ngentando yeningi labantu, akhona amathuba aqondiswe kwabesifazane kodwa inkinga wukuthi bona abawazi amandla abo. Uma abesifazane besebenza ngokubambisana, bangazuza okuningi,” kusho uNyama-Plati.

Wengeza ngokuthi njengamanje kunamanye amalungu esitokofela aqeqeshelwa ukuba ngabakhi bezindlu. Futhi kunabesifazane abazoqeqeshelwa ukwakha izitini.

Esigcawini sokuqeqeshwa esabe sisingathwe yinkampani eyakha usimende, abakwa-PPC, leli qembu lafundiswa ngezinhlobo ezihlukahlukene zikasimende. “Besingazi ukuthi usimende osetshenziselwa ukwakha uhlukile kusimende osetshenziselwa ukuplastela.”

Isitokofela sesinedumela elikhulu, kangangokuthi manje sesinohlu lwabantu abalindile ukusijoyina njengamalungu. **V**

Usizo oluqondiswe kosomabhizinisi besifazane



Uhulumeni uhlinzeka ngezinhlobo ezahlukahlukene zosizo kwabesifazane abafisa ukusungula amabhizinisi abo, okuwusizo olusukela ekuhlinzekweni kwezeluleko kuyofinyelela ekuhlinzekweni ngoxhasomali.

I-SEDA

Esikhathini esiningi, imiqondo yabesifazane emihle kakhulu ephathelene nezebhizinisi ayichumi ngoba phela abanalo ulwazi abaludingayo ukufezekisa amaphupho wabo. UPhiko Lokuthuthukiswa Kwamabhizinisi Amancane (i-Seda), okuwuphiko olungaphansi koMnyango Wezohwebo Nezezimboni (i-dti), lukubonile lokhu, labe selikhiqiza ibhukwana elenzelwe amabhizinisi abesifazane, elihlinzeka ngolwazi mayelana nosizo olutholakalayo oluqondiswe kwabesifazane, okuwusizo oluphathelene nezimali ngokunjalo nosizo olungaphathelene nezimali. Leli bhukwana liqukethe izihloko ezihlukahlukene kusukela kweziphathelene

nokuthi ungalibhalisa kanjani ibhizinisi lakho kanye nezinselelo ababhekene nazo osomabhizinisi besifazane, kuyofinyelela olwazini oluqondene nemikhakha yezimboni ezihlukahlukene kanye nokuthi lutholakala kanjani uxhasomali. Ukuze ukwazi ukuzifundela leli bhukwana, vakashela ku: www.seda.org.za/Publications. Ukubhalisa ibhizinisi lakho kuyisinyathelo sokuqala esibaluleke kakhulu kunoma yimuphi usomabhizinisi, ukuze akwazi ukulandela nokuthobela imithetho elawula umsebenzi webhizinisi kuleli lizwe. Amabhizinisi kumele abhaliswe kwiKhomishana Yezinkampani kanye Namalungelo Abasunguli (i-CIPC). www.cipc.co.za.

Imithombo yosizo

Kuneminye iminyango kahulumeni kanye namabhizinisi ombuso amaningana ahlinzeka ngosizo kosomabhizinisi besifazane emikhakheni yezimboni ehlukahlukene.

I-SEFA

UPhiko Loxhasomali Oluqondiswe Emabhizinisini Amancane (i-SEFA) luhlinzeka ngemikhiqizo kanye nezinsizakalo eziphathelene nezimali emabhizinisini asafufusa (ama-SMME) kanye nemifelandawonye efanelekile. www.sefa.org.za.

I-Finfind

I-Finfind ixhumanisa ama-SMME adinga uxhasomali nababolekisi abafanelekile, ihlinzeka ngolwazi oluphathelene nokufundiswa ngezizimali, iphendula imibuzo evamise ukubuzwa ngabantu abafuna ulwazi futhi ixazulule nezinselelo abavamise ukuhlangabezana nazo osomabhizinisi. www.finfindeasy.co.za.

I-IDC

Isikhwama sabesifazane esibizwa nge-*Isivande Women's Fund* esingaphansi kwesiKhungo Sokuthuthukiswa Kwezimboni (i-IDC) sihlizeka ngoxhasomali olungambi eqolo, olusebenzisekayo futhi olusabelayo. Sigxile emsebenzini wokwenza izivumelwano ezibandakanya uxhasomali lokusungula ibhizinisi, ukwelula nokukhulisa ibhizinisi, ukuvuselela ibhizinisi, ukuhweba ngaphansi kwegama lelinye ibhizinisi kanye noxhasomali lwesikhashana. www.idf.co.za.

I-NEF

Isikhwama Sokufukulwa Kwabesifazane esingaphansi kweSikhwama Sokuthuthukisa Sikazwelonke (i-NEF) sisheshisa ukuxhaswa ngezimali kwamabhizinisi abesifazane abamnyama, kanti isikhwama esingaphansi kwalesi esibizwa nge-*IMbewu Fund* sixhasa osomabhizinisi abamnyama abafisa ukusungula amabhizinisi amasha futhi sixhasa namabhizinisi akhona njengamanje ngemali yokukhulisa nokwelula amabhizinisi

abo. www.nefcorp.co.za.

Uhlelo Losozimboni Abamnyama

Uhlelo Losozimboni Abamnyama lwe-dti luhlose ukusheshisa ukubamba iqhaza nokubandakanywa kosozimboni abamnyama emnothweni waseNingizimu Afrika, kanti futhi uhlelo lokuthuthukiswa kwamakhono olubizwa nge-*B'avumile* lusekela ukufukulwa nokuthuthukiswa kwabesifazane ngokuthi bahlonyiswe ngamakhono nezinsizakalo futhi ngalolu hlelo kuhloswe ukuhlonza labo abanesiphiwo emkhakheni wezobuciko nemisebenzi yezandla kanye nasemkhakheni wendwangu nezingubo zokugqoka. www.thedti.gov.za.

I-NYDA

UPhiko Lukazwelonke Lokuthuthukiswa Kwentsha (i-NYDA) luhlinzeka abantu abasha abangosomabhizinisi ngethuba lokuthola usizo lokuthuthukiswa kwamabhizinisi oluphathelene nezimali ngokunjalo nosizo olungaphathelene nezimali. www.nyda.gov.za.

Ezolimo

Emkhakheni wezolimo, i-dti ihlinzeka osomabhizinisi abancane ngoxhasomali ngaphansi koHlelo Loxhasomali Lokulungiswa Kwemikhiqizo Yezolimo, okuwuxhasomali okuhloswe ngalo ukukhuthaza utshalomali emiklamweni yokulungiswa kwemikhiqizo yezolimo emisha kanye naleyo ekhona njengamanje.

www.thedti.gov.za.

Abesifazane bangaluthola futhi usizo ngaphansi kohlelo loMnyango Wezolimo, Izinguquko Kwezomhlaba Nokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya olubizwa nge-*Ilima/Letsema* kanjalo nasoHlelweni Olubanzi Losizo Lwezolimo. www.daff.gov.za.



Ezokukhiqiza

UPhiko lwezimbhizinisi lwe-IDC oluqondene nomkhakha wezingubo zokugqoka kanye nendwangu luhlinzeka ngosizo kubenzi bemihlobiso yamakhaya, abakhiqizi bezimpahla ezenziwe ngesikhumba kanye nabakhiqizi bendwangu yemvelo kanye nendwangu yokuzenzela, kanti futhi kusenjalo uphiko lwe-IDC oluqondene nomkhakha wemikhiqizo yamakhemikhali kanye nemithi luhlinzeka ngoxhasomali kanye nosizo oluphathelene nokuthuthukiswa kwezimboni kanye nemiklamo emabhizinisini athuthukisa imikhiqizo yamakhemikhali esifinyelele esigabeni sokulungiswa sokugcina, kanye nemikhiqizo kacwazi nemithi. I-IDC ihlinzeka futhi nangosizo emikhakheni yezinye izimboni ezihlukahlukene, kusukela kwezolimo nezokuvakasha kuyofinyelela kwezemishini namathuluzi okusebenza. www.idc.co.za.

Ezemfundo kanye nama-NPO

UPhiko Lokuthuthukisa Lukazwelonke (i-NDA) lungabalekelela labo abafisa ukusungula nokubhalisa isikhungo sokuthuthukiswa kwezingane zisencane (i-ECD) noma inkulisa. www.nda.org.za. Uhlelo olubizwa nge-*Ilifa Labantwana* wuhlelo lwaseNingizimu Afrika lokuthuthukiswa kwezingane zisencane olwasungulwa ngowezi-2009. Uhlelo olungaphansi kwalolu olubizwa nge-*Bhalisa Inkulisa* luyalekelela ekuhleleni kabusha ukubhaliswa kwezinkulisa njengezikhungo ezigcina futhi zinakekele izingane amahora ambadlwana ngosuku. www.ilifalabantwana.co.za.

I-NDA iyazilekelela futhi nezinhlangano ukuze zibe izikhungo ezibhaliswe ngokusemthethweni; ziqoqe futhi zihlanganise ulwazi eziludingayo ukuze zikwazi ukubhalisa njengama-NPO noma imifelandawonye; zigcwalise futhi zithumele amafomu okubhalisa; futhi i-NDA ihlola izidingo zazo ngendlela efanele ukuze kuqinisekiswa ukuthi uma sezibhalisiwe ziyaqhubeka nokuthobela imithetho ezibhaliswe ngaphansi kwayo. www.nda.org.za.

Uma udinga ulwazi oluthe xaxa mayelana nokusungula ibhizinisi, fonela lezi zinombolo zocingo ezilandelayo:
Seda- 012 441 1000 | CIPC- 086 100 2472 | Sefa- 012 748 9600 | IDC- 011 269 3000
NEFCORP- 011 305 8000 | NYDA- 012 322 1375 | DAFF- 012 319 6000
NDA- 011 018 5500 | Ilifa Labantwana- 021 670 9848

